

# ISIKHATHI SENTELA SIYAVULWA MHLA LU-1 KUNTULIKAZI KWABASEBENZISA I-EFILING

**PRETORIA, ngoLwesibili 25 kuNhlanguLana 2019** – Njengoba Isikhathi seNtela sesisemome, uPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lugquqquzelu abakhokhintela okumele ukuba bauyise amaphepha entela ukuba basebenzise i-SARS eFiling noma i-SARS MobiApp ukubuyisa amaphepha abo entela ukusukela mhla lu-1 kuNtulikazi 2019.

Abakhokhintela abangasebenzisi i-SARS eFiling noma i-SARS MobiApp kodwa abadinga usizo kubasebenzi basegatsheni lakwa-SARS ukuze bafake amaphepha abo entela bazokwazi ukwenza lokho kusukela mhla lu-1 kuNcwaba 2019. Usuku olungumnamqamulujuqu kubakhokhintela ababuyisa amaphepha entela egatsheni lakwa-SARS umhla zingama-31 kuMfumfu 2019, okuyisikhathi esifishane.

Abakhokhintela abavulelekile abasebenzisa i-SARS eFiling ne-SARS MobiApp bazoba nesikhathi eside sokubuyisa amaphepha entela, usuku olungumnamqamulujuqu umhla zi-4 kuZibandlela.

Isizathu sokusebenzisa lezi zigaba esiKhathini seNtela 2019 ukugquqquzelu abakhokhintela ukuba basebenzise imigudu emibili, okuyi-SARS eFiling ne-SARS MobiApp, etholakala 24/7, enezinto ezithuthukisiwe neyenza ukuthi ungami ujenga egatsheni lakwa-SARS.

Ngo-2019 i-SARS MobiApp yama-smart phones, okwaziyo ukuyidawuniloda ku-Play Store noma ku-App Store, izokwenza abakhokhintela bakwazi ukubhalisela i-SARS eFiling, bathumele amaphepha entela, bafake amadokhumenti esekelayo, bathole igamalomsebenzisi noma balungise kabusha igamamfihi baphinde babone nezaziso zokuhlolola i-Notice of Assessment (ITA34), phakathi kolunye usizo.

Le ndlela yokusebenzisa izigaba esiKhathini seNtela 2019 iyadingeka ngoba abakwa-SARS bayaqhube ka nokuthola abakhokhintela abangaphezulu kwasigidi emagatsheni abo abangadingi ukuthi babuyise amaphepha entela.

Abakwa-SARS bafuna ukukhumbuza abakhokhintela ukuthi akubona bonke abakhokhintela okumele bathumele amaphepha okubuyisa intelu. Abakhokhintela abafanelekayo ngayo yonke indlela kwezialdelayo abadingi ukuthi bathumele amaphepha okubuyisa intelu:

- Uma isamba sengeniso lonyaka ngaphambi kokubanjelwa intelu lingaphansi kuka-R500 000
- Uma uthola ingeniso KUMQASHI OYEDWA unyaka wonke wentela.
- Uma ungenayo enye indlela ENGENISA IMALI (isib. imali oyinikelwa imoto, izinzuzo ezengeziwe zenkampani, imali engena ngebhizinisi, inzalo etheliswayo noma imali engena ngokuqashisa noma ingeniso elivelva komunye umsebenzi)
- Uma zingekho izicelo sokukhokhelwa kunoma yiziphi izimali ezibanjwayo ezhlobene nentela (isib. izindleko zokwelashwa, iminikelo yesikhwama somhlalaphansi, izindleko zokuhamba).

Ukuze sisize abakhokhintela bangayi emagatsheni akwa-SARS izikhathi eziningi kungenasidingo, abakhokhintela okungadingeki ukuba bathumele amaphepha entela nasebeke bawathomela ngokuphindelela amaphepha entela esikhathini eseendlule bazothola umyalezo ovela kwa-SARS obatshelayo ukuthi abadingi ukubuyisa amaphepha abo entela.

Phezu kwalokho bazothola umphumela ovela kwa-SARS ozobukeka sengathi bawathomlele amaphepha abo entela. Umphumela uzoncika olwazini abakwa-SARS abaluthole kubaqashi nakweminye imithombo futhi izokhombisa ukuthi umkhokhinhela angalindela ini uma kade bezobe bebuyise amaphepha entela.

Iminqamulujuqu yesiKhathi seNtela

- Kubakhokhintela abasebenzisa i-eFiling nalabo abasebenzisa i-SARS MobiApp, isiKhathi seNtela siqala mhla lu-01 kuNtulikazi bese sivala mhla zi-04 kuZibandlela 2019
- Abakhokhintela abaya egatsheni lakwa-SARS ukuyobuyisa amaphepha entela, bazosizwa kusukela mhla lu-01 kuNcwaba kuze kube mhla zingama-31 kuMfumfu 2019
- Abakhokhintela besikhashana bona kuyoze kuvalwe mhla zingama-31 kuMasingana 2020 ukubuyisa amaphepha nge-SARS eFiling.